# KWETHULWE NGOKUSEMTHETHWENI UHLELO LOKULANDWA KWEMITHI EDUZE NASEKHAYA



U Dr SM Dhlomo ehambisana no Nkk NC Mkhize ebingelela iziguli ezabe zilinde imithi



U Dr SM Dhlomo ethula inkulumo yakhe yosuku ehholo lomphakathi Isibanini kuMasipala Umzumbe

Isikhathi sokuma olayini abade emitholampilo, ukukhokha imali eshisiwe yokugibela ukuze iziguli zithole imishanguzo yazo sidlulile. Lokhu kuvele ngenkathi uNgqongqoshe weZempilo KwaZulu Natal uDr SM Dhlomo ethula ngokusemthethweni uhlelo lokulanda amaphilisi ezindaweni eziseduze nasemakhaya noma emsebenzini.

U Dr uDhlomo uthule loluhlelo ngokusemthethweni kwisiFunda sasoGwini ngomhlaka 27 January 2017 kuMasipala waseMzumbe ehholo Isibanini, lapho bekumenywe khona zonke izinhlaka zomphakathi, abeZempilo kanye neminye iminyango kahulumeni ukuzothamela lomcimbi.

Loluhlelo luhambisana nomshuwalense weZempilo kaZwelone ozoqala ukusebenza eminyakeni engemingaki ezayo. Zingaphezu kwezinkulungwane ezingama 500 000 iziguli esezingene kuloluhlelo KwaZulu Natal kubalwa nezasoGwini ezingaphezu kwezinkulungwane ezingama 40 000.

Iziguli zisizakala kakhulu kuloluhlelo olunesikhashana luqaliwe kulesisiFunda ngoba sezikuzwa ngendaba ukuma olayini abade, zivuke kusemnyama ziphinde zikhokhe imali ukuze zithole imishanguzo yazo yezifo eziyimbelesela. Abasebenzi boMnyango baxoxela iziguli ngaloluhlelo, bese ziyahlowa ukuthi zikulungele yini ukuba zilungenele, zibhaliswe bese zizikhethele zona ukuthi iyiphi indawo ezilungele eseduze nasekhaya noma emsebenzini ezingalanda kuyo imithi. Emva kwezinyanga eziyisithupha kumele loyo olanda imithi abuyele emtholampilo ukuze avuselele aphinde ahlolwe kabusha. Zingaphezu kwama 270 kwisiFunda sasoGwini izindawo esezihlonziwe okulandwa kuzo imithi futhi kusaqhutshekwa nokuhlonza ezinye.

uGogo Ntuli olanda imithi yakhe yezifo eziyimbelesela utshele umphakathi owabe uthamele umcimbi ukuthi impilo yakhe isizakele kakhulu ngoba konke kulula manje uyakwazi nokuthumela ubaba wakwakhe umkhulu uNtuli uma kungavukeki kuye.

Enika inkulumo yokwezeka loluhlelo uSomlomo wasoGwini uCllr N H Gumede uthe bayawubonga uMnyango weZempilo ngokwenza izinto zibe lula ukuze isizwe sisinde. Uthe wonke umuntu ongakwazi akavule ihhovisi lakhe uMnyango ulethe imithi baqhubeke abantu basizakale.

Ethula inkulumo yakhe yosuku uDr SM Dhlomo utshele umphakathi ukuthi awulishumayele lelivangeli lokuthi abantu bayasizakala kuleluhlelo. "Ngifuna niphume la omunye atshele omunye, nomunye aphinde atshele omunye ukuthi sesidlulile isikhathi senhlupheko lapho umuntu engazi ukuthi uzothathani ahlanganise nani ukuze athole ukusizakala." kuqhuba uNgqongqoshe. Ucele bonke abahlengikazi ukuba basukume ukuze bakhulekelwe uNkulunkulu abahlenge emisebenzini enzima yokuhlenga izimpilo zabantu abayenzayo. Ephetha inkulumo yakhe uthe abantu baphila impilo ende uma nje beqikelela ukudla imishanguzo yabo ngendlela efanele.

Lomcimbi ubusiswe ngomculo I Gamalakhe CHC ngamaculo aqanjiwe akhuluma ngaloluhlelo kanti noNgqongqoshe ukuthokozele kakhulu lokhu.

Umnyango udlulisa ukubonga kwababambe iqhaza kuloluhlelo okubalwa kubo I Medipost, Medilogistics, Broadreach, oMasipala, abanikela ngezindawo zabo ukuze kulandwe kuzo, izibhedlela nemitholampilo abakhele lesisifunda kanye nabanye abaningi.



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# IXOXWA NGEZITHOMBE



U Ngqongqoshe uDkt SM Dhlomo ebambe umhlangano nabahlengikazi kanye nodokotela




U Ngqongqoshe uDkt SM Dhlomo enika isiguli iphasela laso lemithi ngosuku lomcimbi eNyangwini



Iqembu lomculo labasebenzi baseGamalakhe bemukela u Dkt Dhlomo ngosuku lomcimbi



Umphathi wesiFunda sasoGwini u Nkk NC Mkhize ephethe uhlelo ehholo Isibanini




U Sosiswebhu wasoGwini uCllr NH Gumede enika inkulumo yakhe eyakhayo




Ugogo Ntuli nomkhulu Ntuli bexoxela umphakathi ngokuthakasela uhlelo lwe CCMDD

# WORLD AIDS DAY



CCMDD team and Communications visited Umzinto Clinic during the World Aids Day



Mr Luthando Ndlebe: HAST trainer visited Ugu Legal Aid for HIV/AIDS awareness

# TURTON CHC FILING SYSTEM



Mrs N Gwexe, Mrs S Govender, Mrs NC Mkhize and Mrs M Mnguni excited about the filing system



Handing over of a filing system at Turton CHC

Turton CHC had a problem of an increase in number of complaints. Every time when the management is managing the complaints most of them were for the waiting time and misplacement of files. The main problem for Turton was their filing system. This was then reported to the District Director Mrs N C Mkhize who approached Broadreach which is a supporting partner for the Department of Health in Ugu District.

Broadreach then came up with the strategy of the filing system. They donated shelves and labels to Turton and also looked for the service provider to install the shelves and re-arrange the card office to be user friendly.

This was handed over to Turton CHC on the 31th October 2016. Mrs NC Mkhize and a Manager for Broadreach Mrs M Mnguni also attended the hand over.

Mrs Mkhize thanked Broadreach for coming on board in assisting the CHC. Now clients do not have to wait long hours for the files before being serviced. The system is contributing a lot in reducing the complaints and the clients are now very happy because their files can be retrieved easily..



FIGHTING DISEASE, FIGHTING POVERTY, GIVING HOPE

# PROVINCIAL CHORAL MUSIC COMPETITION





Ugu Health District hosted a Choral Music Competition at Murchison Hospital on the 7th of October 2016. All institutions participated. The aim of the competition was to form a District Choir which took part on the Provincial Choral Music Competition hosted by the Department of Health at Greys Hospital on the 9th December 2016. Ugu District came second position on the Western piece and 3rd on the African piece. Congratulations to the choristers. District Occupational Health Manager, who is also responsible for the Ugu District Wellness Program Mrs Z Ndwandwe would like to thank the Management for supporting the wellness program in the District.

# UGU HEALTH DISTRICT WELCOMES PHARMACIST INTERNS AND COMMUNITY SERVICE PHARMACISTS



Ugu Health District Pharmacy Managers with Pharmacist Interns and Community Service Pharmacists who started in January 2017 in different Health facilities of Ugu District.






On the 17th January 2017, Ugu Health District Pharmaceutical team welcomed the Pharmacist Interns and Community Service Pharmacists at the District Office.

Pharmacy Manager from Port Shepstone Hospital Mrs. Ludwig gave a heartfelt key note address encouraging the professionals to render quality pharmaceutical care whilst enjoying working with the Department. Pharmacy Managers explained the contents of code of conduct for the Public Service.

The Interns and CSPs were introduced to the following:

- Central Chronic Medicine Dispensing and Distribution
- Stock Visibility Solution (SVS)
- Batho Pele Principles

They were also allowed to ask question about anything regarding Public Service .

# FAREWELL MRS PR KHOWA




Mrs PR Khowa feeling special with her family during the farewell function



Mrs N Moodley handing over gifts to Mrs PR Khowa




Mrs T Buthelezi giving speech on be half of the colleagues



Staff members attending Mrs Khowa's farewell function

'Welcoming a person in a work place is always easy for the Managers than saying goodbye". These were the words from Mr NC Nguza, Ugu Health District office Manager when he was delivering his speech on the farewell function for Mrs PR Khowa who retired in November 2016.

Mrs PR Khowa has served the department for more then 19 years working as the General Orderly.

"You spent most of your time working for the Government, now you are going to start a new life with your children and your grand children at home. Make sure that you take care of yourself and enjoy with the fullest." said Mr Nguza on behalf of the management.

On behalf of the colleagues Mrs T Buthelezi said Mrs Khowa will be missed, she wished her a happy retirement.

Mrs Khowa extended her words of appreciation to all staff members who were working with her including the management, and also for making effort towards her farewell function.






# UGU DISTRICT OFFICE STAFF ENDED 2016 IN STYLE AND LOOKING FORWARD TO 2017













**2016 ended up with the top gear in Ugu District Office as this office hosted a year end function on the 15th December 2016 at St Michaels beach. Most of the employees attended this function which was informal but exciting. They had some fun, playing and dancing together.**

**We would like to extend an appreciation to the events committee for planning an exciting and successful event. We wish all staff members a successful 2017**

